# IZIBONGO ZIKADABEKA KASILWANE

Yebo Silo
Bekungesakithi
Bekungesalapha ngakwa Hholohholo
Wena Nbaba
Amahlahla uhambe
Uwabek' izithungu nangasekumanazeni
Wena Dabeka
Ubungeke ubiye
Nganafuphi amahlahla
Ubengabiya ngamade
Ngawase Ndlovini

Yek' okuhle, kuhle
Okwezinsimangwe
Bezingase Nkandla
Bekungavutheli mlilo
Bekuswelela phama
Ngokuse Ntshisekeni
Ofana noMambokwe
OseMaBhokweni

Ithole elithe ukuhlabana
Lema ngomsola
Phezu kweSiBubulungu
Lamthath' umtaka Mcothoyi
Lamshaya lapha koludumayo
Lawuphos' umbani
Phakathi kwezinkomo zikaMavundla
Liye laziqoqa nangasemadlelweni
Waphonsa wasziqhuba
Washo waziyis' umthimbazi
Nguye lowaya wayoziwelisa
NeLovu

# IZIBONGO ZIKADUBE KADABEKA KASILWANE

Yayihlaba
Kwakungeyakithi kwakungeyakwaDumakazi
Yebo Dube! uzek'indaba
Uyayishiy'indaba
Wathi "Ndabazimbi
Yivayeni imiyomo"

Onsukubeko
Olwezindondo
Ongalunika umfana
OkaNdindiya
Obengakwazi ukululondoloza

Tebo siholoba
Singamatshe
AwaseNkandla
Abezophephela
Nanezindlovu
Nanamhla kalokhu yayizophendula

Yebo goda elihle
NgelikaSilwane
Kade liwahila amanye amagoda
Lihile uBhevungana
Ebezalwa nguMavela

Wena ntaban' ende
Engasayudliwa nkomo
Esiyakudliwa ngumhlambi
Okungowezinyamazane

Wena nduku yoMbuyazi
Eyayitshelekwe nguShaka umtakaSenzangakhona
Wayeyogalela ngayo
NakoZwide kaLanga
Yatshelekwa nguMepho
Emennywe nguNgwane
Eyogalela ngayo
NangoseZilovini

Wena Dube
Ufic' amaNgcobo
Yeb' eyizila nelenyama
Bekungeyezibangube
Ufike wayidla wena
Ngoba wena kawusithandi
Lesi senyama
Edliwa nguMandiza kwabakwaMkhize
Yadliwa nguMvunelwa kwabakwaNgubo

Ithole elehle ngamandla kuMalandela
Ebelingasancenge nakuphuka zimpondo
Ebelingasancenge nakuphuka zihlakala

Limdlil' uKhabazela
Lamudl' uMavovo
Lamshiy' uSoshangane
Lathi lapha amagwala
Azosala lapha elilelana

Yeka mkhokhoba
Mgob' ungenkomo
Osophondweni
Namhla kalokhu MyakaNdaba
Uqhub' izinkomo
Wena mshisi wezindlu
Yebo namalangalanga
Yebo namhla kalokhu
Usazishisile

Wen' osikhakha umanyikinyiki
Ebebethi bayasisonga
Siye sathombuluka

<u>IZIBONGO ZIKAMQHAWE</u>

Ithole elikhwele
Phezu kwendlu ngeyakwaMaNdabane
Yeb' alibuka amaNgcobo
Alinyakamela
Athi lifun' ukubanga
Umhlola

Intukuzane
Ethukuswe nguNdlela
UmtakaSompisi
Nanamhla kalokhu usayithukusile

UNdaba omnyama
Bebethi akayisowela
Usephinde lapha wawela

Ithole elizwakele ngokulila
Lililela izinkomo
ngezakwaZulu
Belizwiwe nguMnyamana
Obezalwa nguNgqengelele
Lezwiwa ngubani
NguMacingwana
Obezalwa nguGadula
Lezwiwa nguSmith
Kwabamhlophe

Manz' oMzinyathi
Siwasolile
Abefana noSomadangu
UmtakaNtanzi obehl' enyuka

Wena Sicane
Osic' amathumbu
Phansi kwezintaba
NgezeNanada

Mama kaMama
Vuma sihambe
Siye lapho abafazi
Bobhuya bebethi
Alisomila ndumba
Lithe lisuka
Lalimil' indumba

Yebo Phuhlane
Luphuhle ezigodini
NgezoMngeni
Lwaphuhla ezigodini
NgezeNcwadi

Madela izinkomo
Wathenga amadoda
Wathi lapha azomhlabanela

Yebo mtakaNdaba
Yebo zaduma
Bholokoqa ziwile
Magwaza egunjini
Bethi uZulu uphakathi
Geza akagezi
Ngeke usageza ngamanzi
Usuyogeza ngezamadoda

Wena Dub' omnyama
OsemaGengeleni
Genge elidle muthi
Elinye lihambe liyisibekela

Chibi elihle
Ebelise Mhloshaneni
Ebelingaphuza izinkomo
NgezikaJoji
Ngezika Mahlindlovu
Nanamhla kalokhu zisaphuza
MtakaNdaba

Umabhala ngozipho
Wonke amakhosi ebebhala ngepenisela
Wena Mqhawe
Hlakanipha ngoba
Wonk' amakhosi
Asekusekele iziqu
Nangasemadolweni

Silwanankunzimbili
Bekungathi zingabantathu
Bekuzozwakala
Ugwaze iziqumbi ezibili
Esinye bekungesika Myeka
Esinye kungesika Mnguni

Magwaza ayiqhube
Uye wayifaka
Nangase Ntsingweni
Wagwaza wayiqhuba
Wayifaka nangaseMzimvubu
Sihlangu sinamehlo
Nangase Mnyameni

Uhlaka ngolweziklebhe
Bekungoluka Mthenganto
Luthe lubabamba
Beselubaxhakathisa
Yebo mtakaNdaba

IZIBONGO ZIKAMZONJANI

Inguqunguqu
Umhlane omuhle
Obungase uzwane nohlanya,
Lang' eliphezulu
Ebelisemafini.

Umnhlonhlo omuhle
Omile phezu komuzi
NgowamaNazaletha,
Ubonwe ngabaseMtshebeni
Wathi ningabe nisawuthinta lowamnhlonhlo.

Uphaphe olukhulu
BekungolukaSilwane
Bebethi ngeke besalufaka
NoLonda umtakaJohannes
Uselufakile
NomtakaMlamula uselufakile

Mzonjani sabela
Ngoba uyabizwa,
Ubizwe oLundi
Siye savuma,
Uye wabizwa eMgungundlovu
Siye savuma,
Uye wabizwa nangaseNdwedwe
Siye savuma.

Sithe sabela
Uyabizwa
Ubizwe yisiGumede
IziGumede lezi
Bezifuna umtakaNdaba
Ukukulilela

Mlomo wakho owodwa suka
Ngoba indaba
Uyizwe kancane
Uyizwe ngoDamasole umtakaBhudaza
Namahla kalokhu ngisayizwile
Yebo mtakaNdaba

Wena duma phansi
Wonk' amakhosi
Abe edume phezulu
Wen' udume phansi

Mahlahlamela nomthi
Obehambe ehlahlamela
Imizi yamadoda
Ngoba lihlahlamele abafana
Ababili ngabakaNdlokolo

Indamandamane
Idamu eliphezu koMngeni
Nanamhla kalokhu
AmaNgcolosi asesaba nokuyehlela
Sekunzima
Wathi gijimani nibike laphayana
NgakwaMhlophe
Ukuthi nansi ingqukumbane
Isiyawela
Iwela amanzi
Kuye kwagewala
NanoMngeni

Uphambamisile
Ophambanise izingcingo
Ezinye beziya eNdwedwe
Ezinye zaya kwaMaphumulo
Ezinye zaya eNkambathawini

IZIBONGO ZIKANOMANDINDA

Sishoshoba singayilanga
Bekungaba yizinkomo
NgezakwaMzilikazi
Nomandind' omnyama
Nomandind' omlambo

Incwincwi ephuze
Kwezide eziziba
Iye yaphuza kwezaseMelika

Inkomo ezwakele
Ngokulila phakathi kwemikhumbi
NgeyamaNgisi
Ibibekephi
Ibibheke eMelika
Ibizwiwa ngubani
Ibizwiwa nguJohn Dube
UmtakakaboninaYezwiwa nguMashu
Umyakakhambela
Ziyizwile zonk' izizwe

Izitho zikaMpungu
Bezifana nezikadadewabo
NanoNdimase uMandlakayise
Ubengaqhela
ngomud' umqhele
Obungaqhela nodadewabo uNdimase

Ingqungqulu ishaya amaphiko
Phezu kukaDende
Kuye kwazamazama
Abafana ngabakaMqundala
BekungawoMdepha

Eyakithi inkunzi
Iluke izimpondo zimnyama
Ithe ibuya
Yayimpondo zibomvu
Bathi ungayibuza kubani
Ungayibuza kumfana
NgowakwaDikida
Ukuthi icijwe ngubani
Wathi umfana
Icijwe ziduli
ngezaMatabethule

Yebo Ndungane
Usewadungile nanamanzi
Bekungawe Faya
Gijimani ngezindlela zonke
Nitshele ucija
Ayobikela abafana

Ngabakwa Ndlokolo
Bangabe besawaphuza
Amanzi oMngeni
Usewaminyanisole
Ngob' usezibulele
Izingane ngezikaMyeka
Uwadungile amanzi eFaya

Inkalankala ngeyakithi
Ingqungqulu abathe bayayibamba
Ngamasende
Ithe isuka yayiphunyuka
Uthi uyazidla uDlivane
Wadl' ezaMahole
Uye waziholela

Gijimani ngezindlela zonke
Nitshele umfana
NgokaMnguni
Adede endleleni
Ukuthi liyeza
Nanezinyane
Elengonyama
Nitshele umfana
Ngoka Ngongoma
Adede endleleni
Ukuthi liyeza
Izinyane ngelakithi
Ngelengonyama

Eyakithi ingqungqulu
Ishaya amaphiko
Phezu komuzi kaNdlokolo
Lazithatha izihlangu zamadoda
Umdlil' umtakaNcaphayi
Amakhubalo adliwa nguSheleni

Yebo sishoshoba besingayilanga
Bekungaba yizinkomo
NgezikaMzilikazi
Wena mtakaNdaba
Uyisikhakhathuki
Ngoba ukhakhele
NanamaNgisi
Wakhangela nanamaNdiya
Wakhangela nanabeLungu

IZIBONGO ZIKAMKHWISHIZA

Inathi emnyama
Abathe beyihlaba
AmaNgcobo ayeseyixokozelela
Bathe lapho beyikaka
Wena dunusa bethembe
Bebethi kuhlatshiwe nangaseMbeka
Kanti anibonanga lutho
Nibone izinge
Ezendoda

Eyakithi ingqungqulu
Ibizinge zibomvu
Ngoba bathe ukuyoyibuka
Bathi unozingelwayo
Uzingelwa yizinja
Ezimbili
Enye ngeyakwaGoba
NezakwaVilakazi
Kodwa zithe zigcina
Zase zimila nanokhwekhwe

Wena mbokodo ebushelelezi
Imthathile uJohannes kwabakaMqhawe
Yamshaya koludumayo
Yamthatha umtakaLifamu uMagwebu
Yamshaya koludumayo

Unkonka omuhle
Obeyudle uqaqa
Gijimani ngezindlela zonke
Nitshele umfana ngowakwaMagwaza
Ayotshela umtaka Khabonina
Ukuthi kukhulu kuyeza
Kuza ngezigodi ngezaMatikwe
Sekuyasilileka

Igwalagwala eleqe
Phezu komuzi kaJohn Dube
Umtaka kabonina
Kanto lapha bambiza ngoMazula
Kanti akazuli umtakaNdaba
Olamula amaNdiya namaZulu

Umgobi wensimbi
Nanensimbi
Nanamuhla kalokhu
Insimbi usayigoba
UmtakaNdaba

Yebo Mkhwishiza
Nduku zishaya imviki
Nobethi ngeke zimshaye

Zimshayile
UNkon' omuhle
Ngoba ugudl' uqaqa

Isibhoshosho ngesakithi
NgesaseMbeka
Sibonwe ngumfana
NgowakwaMagwaza
Wathi phuthumani
Wathi kukhulu kuyeza
Sekuyasilileka